

**INKULUMO KA NGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL U-NOMUSA
DUBE-NCUBE EKWETHULWENI KOHLELO LOKULWISANA
NOKUHLUKUNYEZWA KWABESIFAZANE NEZINGANE
OKHAHLAMBA WARD 2
UTHUKELA DISTRICT**

9 DECEMBER 2021

Mphathi hlelo, Mnumzane NP Chonco uThukela HoD Champion

Izimeya zonke ezikhona

USihlalo waMakhosi esiFundeni soThukela; Inkosi NW Sithole

Izikhulu zeMinyango kaHulumeni wesiFundazwe ezikhona

Amakhosi aseNdlunkulu

Amakhansela wonke akhona

Izinduna

Abaholi bezenkolo

Abaholi bamabhizinisi

Abomthetho

Abezindaba

Sanibonani.

Ngiyajabula ukuthola lelithuba lokuthi ngiphinde ngibe nani futhi kulesiFunda sasoThukela.

Silapha namuihla ngoba silalele ikhwelo elihlatshwe uMongameli wezwe ukuthi siqinise kakhulu izinhlelo ezilwa nokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane.

Loluhleli olwaziwa nge-16 Day of Activism for No Violence Against Women and Children lubaluleke kakhulu futhi sesathatha isinqumo sokuthi zngabi nje u-16 isinsuku ezinikelwe ukulwa nalesihlava kodwa sibe ngu-365. Yimpi lena engapheli okumele sonke sibnhukule sibhekane nayo.

Kulonyaka sihlanganisa iminyaka engu 22 njengeNingizimu Afrika saqala ukugubha lomkhankaso ezinsuku ezingu-16 wokulwisana nodlame olubhekiswe kubantu besifazane nezingane. Lomkhankaso njengoba kade kunjalo nangonyaka owedlule ufika nje sibhekene nenye inking njengoba umhlaba wonke ulwa negciwane leCovid-19 kanjalo nezinhlobo zalo njengayo nje i-Micron esanda kutholakala.

Ngizokusho nje ngingananazi ukuthi ukufika kwegciwane leCovid-19 kusithwalise kanzima njengoba nakho kuqhubekile kwabhebhethekisa udlame olubhekiswe kubantu besifazane nezingane. Lesisimo senzeka kakhulu ngenkathi kukhona uthanqa owaphoqa ukuthi laba abashadile nalabo abazwanayo kwezothanda bazithole behlezi ndawonye izikhathi eside bevaleleke ezindlini.

Ngiyajabula ngoba naphoyisa ethu akuveza lokhu futhi labo abenza lokho baboshwa. Kungakho namuhla eminye yemiyalezo yami ingukuthi masingathuli izinto zonakala masibike emaphoyiseni naseMnyangweni wezeNhlalakahle noma ukuThuthukiswa koMphathi ngezi ezenzeka ngisho kwamakhelwane.

Uma kuza odabe lokuhlukumeza asiyeke lento yokuthi ASIZINGENI IZINDABA ZABANTU, ngoba loludaba luthinta thina sonke ngakho masibike. Siyacela-ke phela belu namaphoyisa angathi uma esebiziwe eza afike athi atshelwe umakhelwane ongunibanibani. Futhi siyacela asukumele phezulu uma efonelwa kubikwa udaba lokuhlukumeza abantu besifazane nezingane. Uma sithula lokho kuyosho ukuthi sonke simdibi munye nabenzi bokubi.

Mphathi steshi, kumele singuhulumeni siqeqeshe amaphoyisa kanzulu ngokuthi basisingatha kanjani isimo somuntu wesifazane ozobika ukuhlukunyezwa. Kungabi ibona abomthetho abamhlukumeza ngokwedlulele, bambuze ukuthi ubugqokeni, ubuyaphi, kuze kube nombono wokuthi lo wesifazane uzicelele ukudlwengulwa, uzicelele ukuhlukunyezwa owakwakhe. Sisakhuluma ngengalo yomthetho, izibalo nembiko yamaphosa iyakhomba ukuthi isifunda saKwaZulu-Natal singezinye ezihamba phambili ngamacala okuhlukunyezwa kwababesifazane ukubala namacala okudlwengula.

Nkosi Jobe,;

Lapha oThukela sibhekene kakhulu nomshophi wokuthwala kanjalo nokuganiswa kwamantombazanyana asemancane anikezwe amakhehla futhi lawa asengonguboziyeweni noma amadoda amadala. Zinduna zakithi siyakhuzwa futhi sithembele kunina ukuthi uma niya enkantolo yenkosi niyobhunga ngezindaba zesizwe, ningakhohlwa phela ukuxoxa nangaloludaba. Ngeke singabaze ukusebenzisa umthetho uma sithola ukuthi nenduna nayo ivumile ukuthi kunxeshezwe umndeni wesisulu ngembuzi noma ngenkomo uma umntwana esethwaliwe. Masibambisane ngalokhu ngoba akulungile futhi singuhulumeni asikufuni siyalwa nakho. Siyazazi sonke izigameko zalokhu okusanda kwenzeka khona lapha oKhahlamba ukuthi kuthathwe ngenkani amantombazane ayoganiswa.

Mphakathi wakithi,

Uma ngisuke ngivakashe kulendawo, kulesifunda, isikhathi esiningi ngisuke ngilethe izinsiza zokufukula umnotho nokulekelela abantu bakithi baphume ebuphofini bazakhele amabhizinisi abo, bathole usizo kuhulumeni. Isikhathi esiningi ngisuke ngizohlangana nabalimi, nabakhandi bezimoto, ngilethe izinhlelo ze Operation Vula ukuze silwisane nobubha nendlala. Nizokhumbula nangonyaka ophelile bengikhona la, sizodlulisa amatayitela kubantu abayinkulungwane abawatholile, kepha ngesimo sobhubhane lwe Covid 19 sinikeze abawu 100 kuphela, saletha amathuluzi okusebenza kosomabhizinisi abancane saze savakashela nemisebenzi yabo, satshala ngaphansi kwe-Multi-Planting Season nangaphansi kohlelo lwe=One Home One Garden.

Kodwa-ke namhlanje siza ngohlelo oluhlukile. Sizokhulumisana ngalesisihlava esingenele imiphakathi yakithi eNingizimu Afrika. Sizokhulumisana ngodlame olubhekizwse kwabesifazane nezingane, ukunukubezwa kwezingane zamantombazane ezisencane nokuhlukunyezwa kogogo. Sithi ake sikhulumisane ngalomhlola okhungethe izwe lakithi. Sibuzane ukuthi kufe muphi umuzwa ezimpilweni zethu sesiziphathisa okwezilwane nje. Ake sixoxisane sibuzane singamadoda sodwa ukuthi kwenzenjani, yini le ebangela ukuthi siziphathe ngalendlela.

Angihambi ngedwa kodwa nginozakwethu bonke bomkhandlu wesifunda, onqongqoshe bonke bagcwele isifunda sonke saKwaZulu-Natal ukuhambisa lomyalezo. Sithunyiwe uNdunankulu wesifunda uKhuzeni uBaba uSihle Zikalala ukuba sizozwa emiphakathini yakithi ukuthi yini le eyenza siziphathe ngalendlela. Sithunyiwe ukuba sizokhulumisa ubuholi beNdabuko, sibheke ukuthi singuhulumeni singabambisana kanjani ukulwisana nalesihlava sokuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane, ikakhulu behlukunyezwa abantu besilisa ababaziyo, basezinhliziyweni zabo, abazichaza ngokuthi bayabathanda.

Njengoba nazi ukuthi ngihola uMnyango wezeZimali esiFundazweni, ngoLwesibili phambi kwayizolo, izolo ngethule isabelo mali esibuyekeziwe sokwenezela esiShayamthetho sesifundazwe ngikubalulile nalokhu kwalesihlava ukuthi akuliwe naso. Kungumsebenzi wami futhi wethu sonke ukuthi sisebenzisane ukulwa siye phambili.

Ngonyaka owedlule uMongameli wezwe uCyril Matamela Ramaphosa usijabulisile ke thina besifazane ngoba umemezele imithetho sivivinywa (Bills) emithathu eyathulwa ephalamende ukulwisana nokuhlukunyezwa kwabesifazane. Lokhu kwakulandela ukuvungazela kwezinhlangano zamalungelo abesifazane ukuthi bakithi ake sishintshe imithetho ingavuni izigilamkhuba kepha iqinisekise ukuthi siphephile. Ake siyibheke lemthetho sivivinywa

Owokuqala i-Criminal Law (Sexual Offences and Related Matters) Amendment Act 32 of 2007. Lapha-ke sibheka ukuthi lomthetho sivivinywa uma uba umthetho uzokwenza kube icala ukusabisa ngokuhlukumeza ngocansi, ukulalana kwezihlobo kanye nokuthi kube umsebenzi wethu nje njengabantu ukuthi sibike uma sisola ukunukubezwa kwabantwana – kube icala uma ubheke le eceleni wangabika

Owesibili umthetho sivivinywa Criminal and Related Matters Amendment Bill B17 of 2020, wonake lo uzokwenza kube lukhuni ukuthola I bail kulabo abahlukumeza abesifazane, ababulala abathandana nabo kanti futhi izobeka manje neminyaka okumele uyidonse uma ubolelwa lamacala.

Owesithathu - uzobopha amabhawodi ke lo - kuthiwa i Domestic Violence Act 116 of 1998. Lapha ke i-domestic violence – udlame emakhaya – sekuzobalwa abethembisene, abajolayo, abasemishadweni yesintu, kanti futhi izovikela nabadala ekuhlukunyezweni amalunga emindeni. Siyabongake Mongameli ngalemithethjo sivivinywa. Ayiphase ibe imithetho manjena

Njengomphathiswa wezezimali kumele ngiqwashise odadewethu ngokuhlukunyezwa abesilisa ngezimali zasekhaya – economic and financial abuse. Kumele wazi uma ubaba encikisela ngemali, eyakhe imali uyidla ezintabeni eyakho wena mama kumele isebenze ikhaya, abuye azoyifuna kuwe uma eseyiqedile. Kumele nizivulele izikhwama lapho nizobophela khona imali yabantwana benu. Ikakhulukazi njengoba imisebenzi icikizela kangaka siyazi ukuthi kwezinye izindawo kusebenza obaba kuphela -whooh wena wesifazane komele umkothame ubaba uzama ukuthola imali yempuphu azoyidla naye. Kwesinye isikhathi kusebenza umama kuphela – nakhona ukuphumula akukho ubaba efuna imali ngenkani. Ngisathinta ezomnyango wami, ngizimisele ukuthi sisebenze neminyango kahulumeni ukufundisa ngokuphathwa kwezimali, zingaxhashazwa izimali zikahulumeni ngoba kahle hle ngezethu lezizimali, ngezentela esiyikhokha kanzima.

Bantu abasha kumele kube inina enikhuza lomhlola. Kumele sifundisane ukuthi it is not cool ukuba ibhoklolo ngomuntu wesifazane. Kukhona ke eminye imikhuba engiyibona emizini eminingi, sizwe nangayo ezindabeni. Siyaye sizwe ukuthi imindeni iyathula ingaphumeli obala uma kukhona ubaba ohlukumeza umama noba abantwana ngoba uyena ofaka isishebo lapha ekhaya. Ngithe uma ngithinta loludaba ngethula isabelo mali esibuyekeziwe izolo ngathi singumphakathi asingabi ingxenye yalokhu kuthula sense ngathi asiboni. Uyothula ngoba uthi ingane ekamakhelwane, kazi uyothini uma sekwenzeka kweyakho.

Angisho kugcwale umlomo ukuthi asiziziceleli zonke lezizinto, abesilisa esithandana nabo noma abakhona la emphakathini abazenzela abakuthandayo ngemizimba yethu singavumanga.

Mphathi wohlelo, Gambushe,

Sengihlala phansi mangisho ukuthi kumele sonke sibambisane uma sesisayinda lokhu esikubiza nge-PLEDGE sizibophezele ngokunenamibandela ukuthi sizolwisana nodlalme olubhekiswe kunantu besifazane nezingane. Siphinde sibambisane namaphoyisa noMnyango wezeNhlalahle nezinhlango zomphakathi ukulwa nalokhu. Isiphobezelo sisho ukuthi ngeke SIBHEKE LENA – WE WILL NOT LOOK AWAY kodwa sizoba njengempempe simemeze kuzwakale lapho okonakala khona. Abahlukumezi, abadlwenguli abanayo indawo emphakathini yethu. Uma bazi ukuthi bazocetshwa babizwe ngeke baqhubeke benze lomonakalo abawenzayo. Sisonke singalwa siqobe kulempi.

Sithi nje enough is enough. No More.

Siyabonga